IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

Inkosana Yobukhosi Iba Umelusi

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: M. Maillot; Lazarus

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ifanekiswe ngu: E. Frischbutter; Sarah S.

Indaba 10 kwezingu 60

www.M1914.org

Bible for Children, *PO Box 3, Winnipeg, MB R3C 2G1 Canada*

iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

isiZulu

Zulu

Waqalaza ukuthi akukho muntu eduze, uMose wahlasela induna enesihluku. UMose wahlasela wamubulala umGibhithe. Masinye, wamugqiba.



3

Ngosuku olulandelayo, uMose wabona abaHeberu ababili belwa. Wazama ukubahlukanisa. Oyedwa wathi, "Uzongibulala nami njengoba ubulale umGibhithe na?" UMose wayesesaba. Wonke umuntu weyazi ngokwenzeke ngayizolo. UFaro weyazi. Kwakumele abaleke. Wabalekela ezweni laseMidiyani.



4

Ngenkathi uMose ephumule emthombeni wamanzi, amadodakazi ayisikhombisa ompristi woMidiyani ayezogcwalisa imigqomo yokuchelela izitshalo zababa wazo.



5

Abanye abelusi bazama ukuqhola. UMose wabavikela futhi wabasiza.



6

"Nashesha nabuya namuhla!" kubuza uRehuweli, ababa wamantombazane esho ebabaza. Achaza amantombazane, wayesethi ababa wabo, "lethani lendoda lapha".

7

UMose wahlala noRaweli, owayebizwa ngoJetiro. Ekuhambeni kwesikhathi, uMose washada indodakazi yaRehuweli endala.

8

Emuva eGibhithe, uFaro wadlula emhlabeni. Abantu baNkulunkulu, abaHeberu, babesayizigqila. Bekhaliswa ukuhlupheka.

Bethandazela usizo kuNkulunkulu. UNkulunkulu wayizwa imithandazo yabo.

9

UMose wayengazi, kodwa uNkulunkulu waye lungiselela ukumusebenzisa ukuba kukhululwe izigqila. Kwasekudlule iminyaka eyamashumi amane seluku ahamba eGibhithe. Waye umelusi wemfuyo kaRehuweli.

Kodwa wayekhumbula abantu bakhe eGibhithe.

10

Ngelinye ilanga uMose wabona isikhotha singamalangabi. Kodwa isikhotha singashi. UMose wayefuna ukwazi ukuthi lokhu kwenzeka kanjani.

11

Ngenkathi uMose esondela, uNkulunkulu wamubiza esikhotheni. "Mose!" "Ngilapha," kusho uMose. "Ungasondeli," kusho uNkulunkulu. "Khumula izicathulo zakho, ngoba lendawo omi kuyo ingumhlabathi ongcwele".

12

"Ngizokuyisa kuFaro ukuba ubuye nabantu bami eGibhithe," kusho uNkulunkulu. Kodwa uMose wayesaba ukuhamba.



13

UNkulunkulu wayesekhombisa uMose amandla akhe amakhulu. Washintsha induku yakhe wayenza inyoka.



14

Kwathi uMose ebamba inyoka ngomsila yaphenduka induku futhi. UNkulunkulu wamunika olunye uphawu.



15

"Beka isandla sakho esifubeni," esho emuyala. UMose wenza njengoba etsheliwe. Isandla sakhe sabamhlophe sigcwele uchoko.

16

Wathi esibeka esifubeni futhi isandla, isandla sakhe salapheka.



17

UMose wqhubeka nokwala. "Nginamalimi, angikwazi ukukhuluma," kusho uMose. Wathukuthela uNkulunkulu wathukuthela. "Ngizokusebenzisa umfowenu u-Aroni, umfowenu, ukuba akhulume amazwi omutshela wona," kusho uNkulunkulu.



18

UMose wabuyela kuJetiro, wapakisha izimpahla zakhe waqala uhambo oluya eGibhithe.



19

UNkulunkulu waqhuba umfowa-Mose u-Aroni ukuba ahlangane noMose ezintabeni. UMose wasetshela u-Aroni zonke izinhlelo zaNkulunkulu zokukhulula abaHeberu kumaGibhithe.



20

Ndawonye, bahambisa umyalezo kaNkulunkulu kubahholi bamaHeberu. Ngenkathi uMose etshengisa abaholi bamaHeberu izimpawu zikaNkulunkulu, bazi lapho ukuthi uNkulunkulu uzobasiza. Ndawonye, bagoba badumisa.

21

Ngobuqhawe, uMose Kanye no-Aroni baya kuFaro. "UNkulunkulu uthi, 'Khulula abantu bami'," besho kuFaro.



22

"Ngeke ngiwakhulule ama-Israyeli," kuphendula uFaro. Ngeke amulalele uNkulunkulu.

23

UNkulunkulu kumele asebenzise amandla akhe amakhulu ukushintsha umqondo kaFaro.

24

Inkosana Yobukhosi Iba Umelusi

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Eksodusi 2-5

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa.

uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. **UJesu wase evuka ekufeni** wanyukela ezulwini. Manje uNkulunkulu engasithethelele izono zethi.

Uma ufuna ukuphenduka esonweni sakho, ithi kuNkulunkulu: Nkukulunkulu, ngiyakholwa ukuthi wangifela esiphambanweni, manje uyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami futhi ungithethelele izono zami, ukuze ngizoba nempilo entsha, khona ngizoba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni Johane 3:16.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke!